KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UKUBAMBISANA EMNYANGWENI NAKUBALIMI NGOKUVALA AMATELE EMAPULAZINI EMIKHIQIZO YOBISI

https://pressreader.com/@nickname35778335/csb_8nzazUf1sEOidpPKrzefYe5rZQ43Q42XIP5UcAt0DC1OiQfPn1KUNDcziHT3gb8snGKoFB_mpeREXvNhvH24yw



UZOSEBENZISANA nabalimi abakhiqiza ubisi uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya KwaZulu-Natal ukuzama ukunganda ukubhebhetheka kwamatele.

Lokhu kushiwo wuMphathiswa walo mnyango, uNkk Thembeni Madlopha-Mthethwa ngeSonto, kulandela umhlangano abenawo nabalimi abakhiqiza ubisi e-Orange Grove Dairy, eDundee.

UNkk Madlopha-Mthethwa uveze ukuthi isiphakamiso sokuthi kube khona ukusebenzisana size emva kokubheduka kwamatele oThukela naseMzinyathi.

Uveze ukuthi umnyango uphezu kophenyo kulandela ukutholwa kwalesi sifo emapulazini amathathu akulezi zifunda ezimbili.

"Niengoba lesi sifo sesivele sibeke engcupheni impilo yabalimi bezinkomo, abakhiqiza ubisi bakhathazeke ngokufanayo njengoba umnyango ughubeka nokwenza uphenyo ngezigameko zokubheduka kwalesi sifo emapulazini akhiqiza imikhiqizo yobisi eMzinyathi nasoThukela," kusho uNkk Madlopha-Mthethwa.

Uthe kwenzeka lokhu nje, abamapulazi emikhiqizo yenyama yenkomo abebelokhu bengaphansi kwengcindezi, bekhahlamezekile, kusukela kubheduke amatele ngo-2021, njengoba kamumva nje lesi sifo sesibikwe nasemapulazini emikhiqizo yobisi.

"Amathimba omnyango aphansi phezulu, asebenzisana nezinhlaka ezehlukene kulo mkhakha, ukulawula isifo," usho kanje.

Uthe njengohulumeni, bagqugquzela ukuthi kube khona ukubambisana nazo zonke izinhlaka ezithintekayo ukuthi kunqandwe isifo.

Uthe esebekwenzile bewumnyango wukuzama ukulawula isimo ukushaya umthetho wokuthi imfuyo inyakaze ngemvume ebhalwe phansi, wathi bayajabula ukuthi abalimi bayawuhlonipha lo myalelo.

Wethembise ukuthi wonke amaphuzu abekwe abalimi emhlanganweni, bazowahambisa embizweni ezoba sePitoli kuleli sonto, lapho kuzobe kudingidwa kabanzi ngalesi sifo.

Isikhulu esiphezulu e-Orange Grove Dairy, uMnuz Dave Durham, sithe inhloso yomhlangano nomnyango bekungukuthi kusungulwe ubudlelwano bokusebenza ngokubambisana bese kughanyukwa nezisombululo ukuze kunqandwe ukubhebhetheka kwesifo.

"Kufanele kwenziwe konke okusemandleni ukuqiniseka ukuthi lesi sifo asifiki emzileni womgwago owuthelawayeka uN3. Lo mgwago uyinhliziyo yomnotho wezwe, uxhumanisa ichweba laseThekwini nesizinda somnotho iGoli," kusho uDurham.

Isifundazwe iKwaZulu-Natal siyikhaya lezimboni ezingu-16 ezikhiqiza imikhiqizo yobisi. Kuzona kukhona nenkulukazi eNingizimu Afrika iClover Industries Limited. Lokhu kwenza ukuthi isifundazwe sibalwe nezinye ezihamba phambili ngokukhigiza imikhiqizo yobisi ngo-30 % ezweni lonkana.

Selokhu abheduka amatele ngo-2021, kwaqalwa imigomo yemfuyo ngo-2022, zingaphezu kuka-700 000 izinkomo esezigonyiwe esifundazweni, ezingu-24 000 zazo, zigonywe esifundeni uMzinyathi.